ILANGA, Ezemidlalo
02 Jul 2012, p.24

# UZIMISELE NGENDONDO YEGOLIDE ONCIPHISE IZIFUNDO

**MZWAMANDLA ZONDI**

UZIMISELE ngokubuya nendondo yegolide uSamkelo Hadebe kuma-Paralympic games azoqala ekupheleni kukaNcwaba (August) eLondon.

UHadebe obanjwe wugesi eneminyaka eyisi-9 ubudala kwaholela ekutheni anqunywe izandla uzokube enza ibanga lika-100m ne-4x100m *relay*.

Ekhuluma ne**LANGA** uthe, ngendlela ajabule ngayo ngokumela iNingizimu Afrika kule midlalo uze wanciphisa izifundo zakhe ukuze akwazi ukugxila kuma-Paralympic eLondon.

"Selifezekile iphupho lami le minyaka, lokufaka imibala yeNingizimu Afrika kuma-Paralympic. Isifiso sami esikhulu ukubuya nendondo yegolide. Bekufanele ngiqede izifundo zami nonyaka kodwa sengizoqeda ngonyaka ozayo," kusho uHadebe owenza unyaka wokugcina kwezomthetho e-University of Johannesburg, eGoli.

Ngaphandle kokugijima lo msubathi ubuye enze izinkulumo ezakhayo kanti udume ngokutshela abantu abakhubazekile ukuthi ukukhubazeka makungabi isithiyo empilweni yabo.

Ngowezi-2010 ubeyingxenye yeqembu lakuleli ebelikuma-Commonwealth Games lapho ebuye nendondo yesiliva ebangeni lika-100m.

Kusenjalo abeSascoc bamemezele iqembu labasubathi abangama-66 abazokuba yingxenye yale midlalo. Iningi labasubathi likhethwe kwiSouth African National Championships ebiseThekwini.

Phakathi kwabasubathi okubhekwe ukuba babuye nezindondo kule midlalo kukhona o-Oscar Pistorius, Zanele Situ, Zandile Nhlapo, Natalie du Toit ukubala abambalwa.

Selilonke iqembu lididiyelwe kanje, **kubasubathi:** Tshepo Bhebe, Dyan Buis, Andrea Dalle Ave, Pieter du Preez, Charl du Toit, Arnu Fourie, Ilse Hayes, Hilton Langenhoven, Anrune Liebenberg, Michael Louwrens, Teboho Mokgalagadi, Jan Nehro , Zandile Nhlapo, Jonathan Ntutu, Oscar Pistorius, Anika Pretorius, Samkelo Radebe, Casper Schutte, Union Sekailwe, Zanele Situ, Zivan Smith, Marius Stander, Duane Strydom, Fanie van der Merwe noChenelle van Zyl.

**KwiCycling:** Roxy Burns, Madre Carinus, Stuart McCreadie, Jaco Nel, Ernst van Dyk noGerhard Viljoen.

**Kwi-Equestrian:** Anthony Dawson, Philipa Johnson, Marion Milne noWendy Moller.

**KwiRowing:** Sandra Khumalo.

**KwiSwimming:** Renette Bloem, Charl Bouwer, Natalie du Toit, Emily Gray, Achmat Hassiem, Hendri Herbst, Marike Naude, Kevin Paul, Shireen Sapiro noTadhg Slattery.

KwiWheelchair basketball: Justin Govender, Siphamandla Gumbi, Stuart Jellows, Kyle Louw, Luvuyo Mbande, Gift Mooketsi, Richard Nortje, Kobus Oeschger, Marius Papenfus, Marcus Retief noJaco Velloen.

**KwiWheelchair Tennis:** Evans Maripa, Sydwell Mathonsi, Kgothatso Montjane, Lucas Sithole.